Okuqukethwe

1 **Ukuphila emphakathini ka 24/7**–*Nhlangulana 26-Ntulikazi 2* ——— *4*

2 **Ukukhwishiza Nokuhlubuka**—*Ntulikazi 3-9* ——— *12*

3 **Umsuka Wokukhwishiza**—*Ntulikazi 10-16* ——— *20*

4 **Intengo yokuphumula**—*Ntulikazi 17-23* ——— *28*

5 **"Wozani Kimi….."**—*Ntulikazi 24-30* ——— *36*

6 **Ukuthola Ukuphumula Emndenini**—*Ntulikazi 31-Ncwaba 6* ——— *44*

7 **Ukuphumula, Ubudlelwane, nokuPhiliswa**—*Ncwaba 7-13* ——— *52*

8 **Ungaphumula**—*Ncwaba 14-20* ——— *60*

9 **Isigqi Sokuphumula**—*Ncwaba 21-27* ——— *68*

10 **Ukuphumula KweSabatha**—*Ncwaba 28-uMandulo 3* ——— *76*

11 **Ukulangazelela Okunye**— *uMandulo 4-10* ——— *84*

12 **Umprofethi Ongenakuphumula**— *uMandulo 11-17* ——— *92*

13 **Okuyikona Kuphumula**—*uMandulo 18-24* ——— *100*

Ihhovisi Labahleli:
12501 Old Columbia Pike, Silver Spring, MD 20904, U.S.A.

Sivakashele Ekhasini Lethu:
http://www.absg.adventist.org.

Ababe negalelo elikhulu:
Gerald and Chantal Klingbeil

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Uzakwabo kaMhleli:
Soraya Homayouni

Umphathi Wezoshicilelo:
Lea Alexander Greve

Umsizi Womhleli:
Sharon Thomas-Crews

Umxhumanisi wasePacific Press®:
Tricia Wegh

Imidwebo Nomhlobiso:
Lars Justinen

© 2021 General Conference of Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yesifundo seSabatha sabantu abadala (esejwayelekile) engabhalwa ngenye indlela, iguqulwe, ihunyushwe, ikopishwe noma ishicilelwe yinoma ubani ngaphandle kokuqala ngokuthola imvume ebhaliwe eGeneral Conference of Seventh-day Adventists®. Amahhovisi eDivision yeGeneral Conference of Seventh-day Adventists® agunyazisiwe ukwenza amalungiselelo okuhunyushwa kwesifundo sesikole seSabatha sabantu abadala ngaphansi kwemibandela eqondile. Ubunikazi balezo zihumusho nokushicilelwa kwazo, buzokuba okweGeneral Conference.
Amagama athi "Seventh-day Adventist," "Adventist," Kanye nophawu lwamalangabi, yizimpawu ezibhaliswe ngokomthetho zeGeneral Conference of Seventh-day Adventists®, kanti azinakusetshenziswa ngaphandle kwemvume yeGeneral Conference.
Isifundo sesiKole seSabatha sabantu abadala sihlelwe yihhovisi leAdult Bible Study Guide lase General Conference of Seventh-day Adventists. Ukuhlelwa kwezifundo kwenziwa ngaphansi kweso elibukhali leSabbath School Publications Board okuyisigungu esingaphansi kweGeneral Conference Administrative Committee (ADCOM), okuyisona esisabalalisa izifundo. Isifundo sihlolwe yikomiti lomhlaba wonke, samukelwa yiSabbath School Publications Board. Kanjalo-ke, akuyona-nje imibono yababhali bodwa.

Uhla Lwezihumusho zamaBhayibheli
Izicaphuno zeBhayibheli, ngaphandle kwezithathwe kwi King James Version, zisetshenziswe ngemvume kulesifundo esejwayelekile sekota yesithathu ku 2021. Nazi:

ESV. The Holy Bible, English Standard Version, Copyright© 2021 by Crossway, a publishing ministry of Good News Publishers. Used by permission. All rights reserved.

NABRE. New American Bible Revised Edition, Copyright© 2010, 1991, 1986, 1970 by Confraternity of Christian Doctrine, Inc., Washington, D.C. All rights reserved. No part of this work may be reproduced or transmitted in any form or by any means, electronic or mechanical, including photocopying, recording, or by any information storage and retrieval system, without permission in writing from the copyright owner.

NIV. The Holy Bible, New International Version®, copyright© 1973, 1978, 1984, 2011 by Biblica, Incorporated ®. Used by permission. All rights reserved worldwide.

NKJV. New King James Version®. Copyright© 1979, 1980, 1982, 1992 by Thomas Nelson, Inc. Used by permission. All rights reserved.

NRSV. New Revised Standard Version of the Bible, Copyright© 1989 by the Division of Christian Education of the National Council of the Churches of Christ in the USA. Used by permission. All rights reserved.

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 1 2021/06/21 14:51

Ukuphumula Kwabakh-wishizayo



Kwakungekho sigameko esitheni endizeni kuze kube yilapho ukaputeni ememezela ukuthi indiza izodlula phakathi kwesiphepho esikhulu. "Sizani nibophe amabhande. Sizoke sihlangabezane nesimo esilukhuni," kusho ukaputeni ekugcineni.

Masinya ngemuva kwalokho, indiza yaqala ukudlikizela kabi, izama ukunqamula kuleso siphepho. Kwavuleka izindawo zokukhweza imithwalo ngaphezu kwezihlalo zabagibeli; abagibeli besaba kakhulu. Ngemuva kokubhaklazeka okukhulu, kwaba khona omemezayo ezihlalweni ezingemuva. Ezingqondweni zabo, abantu base bebona-nje kuhlephuka amaphiko endiza, iyophahlazeka emhlabeni. Bonke babethukile. Bonke, ngaphandle kwentombazanyana eyayihlezi phambili. Yayilokhu idweba umfanekiso phezu kwetafula. Ilokhu ijeqeza efasiteleni elincane uma kushaya umbane, iphinde ibuyela emfanekisweni wayo idweba.

Ngemuva kwesikhathi okwakungathi esaphakade, yagcina ithe cababa phansi indiza lapho yayiya khona. Abagibeli bajabula bashaya ihlombe, bebonga futhi bekhululekile ngokuthi babuyele emhlabeni. Leya ntombazanyana yayisiphethe imithwalo yayo, ilinde ukuthi abantu baphume endizeni ngesikhathi omunye wabagibeli eyibuza ukuthi beyingesabi yini. Kwenzeka kanjani ukuthi izipholele kanjalo phakathi kwesiphepho esibi kangako, nendiza idlikizela?

Yaphendula intombazane yathi: "Bengingesabi. Ubaba wami oshayela lendiza, bengazi ukuthi ungiyisa ekhaya."

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 2 2021/06/21 14:51

Ukukhwishiza nokwesaba kuvame ukuhambisana. Ukuphila emhlabeni ogcina abantu bematasatasa 24/7 kungaba nomphumela wokukhwishiza nokwesaba. Ubani ongakaze ngesinye isikhathi afikelwe ukwesaba, ukukhathazeka, nokungazi ukuthi ikusasa liphetheni?

Olwayizolo ludlulile. Olwanamhlanje lumanje, kodwa ikusasa lugcwele imibuzo, kanti kulomhlaba ongazinzile, izimpendulo kungeze kwaba yilezo esifuna ukuzizwa. Siyazibuza ukuthi sizowufinyelela yini umnqamla-juqu esiwubekelwe, ukukhokha intela yendlu, noma imali yesikole; ukucathulisa imishado yethu entengantengayo ukuze imelane nezivunguvungu. Siyazibuza ukuthi uNkulunkulu angaqhubeka yini nokusithanda, yize noma simjabhisa zonke izikhathi.

Kulekota sizonqwamana bukhoma nalokho kwesaba. Ukuphumula kuKrestu *akusonanje isihloko sesifundo noma isiqubulo esithathekisayo sovangelo noma amadokodo. Ukuphumula* kuKrestu *isihluthulelo sesithembiso sohlobo lwempilo uJesu ayethembisa abalandeli baKhe: "Isela kalizi kungengokweba nokubulala nokubhubhisa; mina ngize ukuba babe nokuphila, babe nakho kuchichime" (Johane 10:10).*

Ngesikhathi ababhali behlela lesifundo, kwabakhanyela ukubaluleka komqondo wokuphumula ngokwemfundiso yeBhayibheli. Ukuphumula kuxhumanisa nokusindiswa, nomusa, nokudalwa, neSabatha, nokuqonda kwethu ngabafileyo, nokubuya kukaJesu okuseduze—kanye nokunye okuningi.

Ngesikhathi uJesu esimema ukuthi sizothola ukuphumula kuYena *(Math. 11:28)*, wayengabhekisile kubafundi baKhe kuphela noma ebandleni lokuqala lobuKrestu. Wayebona izizukulwane ezizayo zabantu abasindwa yizono, abakhathele, abathwele kanzima, abadinga ukufinyelela emthonjeni wokuphumula. Njengoba uzofunda lezifundo isonto ngalinye kulekota,

Isingeniso: Ukuphumula kuKrestu khumbula ukuza, uzophumula kuYena. Angithi vele phela, uBaba wethu wasezulwini uyabusa, futhi ukulungele ukusifikisa siphephile ekhaya.

UChantal noGeral Klingbeil basemshadweni oxube izinhlanga, kanti basebenza ngokubambisana. UChantal ongumsizi womqondisi weEllen G. White Estate, udabuka kwelakithi eMzansi, ngesikhathi uGerald ongumsizi womhleli weAdventist Review Ministries futhi ongusolwazi kwezeTestamente eliDala nezifundo eziphathelene neAncient Near East eAndrews University, uyinzalo yaseJalimane.

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 3 2021/06/21 14:51